# ISIBONAKALISO SIKAMESIYA

. . . ngombono, okufanele kwenziwe kuqala, nanto iZwi laKhe. Uyakholwa ukuthi Liphefumulelwe na? Ngabe Waqamba amanga, noma Wayedlala nje na? Akakwenzanga lokho. Wathi, "INdodana ingenze lutho ngokwaYo, kuphela lokho Ebona uYise ekwenza: lokho iNdodana iyakwenza kanjalo. UBaba uyasebenza, naMi ngiyasebenza kuze kube manje."

2 Kubafo abasha: uJesu wabona umbono lokho uNkulunkulu ayeMfuna akwenze, futhi Wavele nje wakudlala emdlalweni wasesiteji. Ubufanele ube nathi etafuleni ledina namhlanje ukukubuka, into efanayo yenzeka.

3 Manje, qaphelani, khona-ke umBhalo uthi Wakhuluma lamazwi: "Kuseyisikhashana, izwe lingabe lisaNgibona;" lowo ngongakholwayo, "nokho niyoNgibona nina: ngokuba Ngiyakuba nani, ngibe kini, kuze kube sekupheleni kwezwe."

4 Manje, ngabe lokho kuyiqiniso noma akusilo iqiniso na? Asivele nje—nje sikuxoxe futhi sikuzindle phakathi kwethu. Ngabe yiqiniso lelo na? "Ngi . . . " u *Ngi* yisabizwana somuntu. "Ngiyakuba nani, kini, kuze kube sekupheleni kwezwe. Kuseyisikhashana, nongakholwayo, ibandla lezwe, lizofakwa, futhi abasayikuNgibona; kodwa iBandla qobo lwalo, nina, Ngiyakuba nani, kini, kuze kube sekupheleni konyaka." Izwe, alikafiki ekupheleni okwamanje, ngakho uKristu uhlala efana.

5 Manje, Wathi, "NgingumVini, nina ningamagatsha." Manje, umvini awutheli isithelo ngokwawo, uphundla kuphela amagatsha, namagatsha athela isithelo. Niyakwazi lokho na? Awu khona-ke, uma uye emvinini wamagilebhisi, yini obuyolindela ukuyithola na? Amagilebhisi. Uma uye emvinini wekhabe, ubuzothola ikhabe, uma kungumvini othelayo. Uma uye esihlahleni samapentshisi, ubuyothola amapentshisi.

6 Kodwa manje-ke, uma u . . . uma uKristu enguMvini, namalunga aKhe ebandla angamagatsha, benifanele nitholeni ebandleni na? "Imisebenzi engiyenzayo Mina nani niyakuyenza; eminingi kunalona niyakuyenza; ngokuba Ngiya kuBaba waMi."

7 Utholani lapho uya esontweni na? "SiyiPresbyterian." "SiyiBaptisti." "SingamaPentecostal." "SinoMlayezo." "Sina*lokhu*."

8 Lowo akusuye uKristu. UKristu uluthando, ngoba WayenguNkulunkulu. "Yiba . . . Lokhu bonke abantu bazokwazi ukuthi ningabafundi baMi, uma ninothando omunye komunye."

Kodwa, "Ngeke sehlele kulowomhlangano; ibandla lethu alibambisani."

Kulungile. “Konke uBaba aNgiphe khona kuzoza,” kwasho uJesu.

9 Manje qaphelani. Manje ake sihlole umBhalo, khona-ke, futhi sithole nje ukuthi Wenzani emuva lapho, ukuze abantu bazokwazi ukuthi WayenguMesiya. Futhi noma yini Ayenza *ngaleyonkathi* ukufakazisa kubantu ukuthi WayenguMesiya, khona-ke Uzofanele enze okufanayo *manje*, noma Akasuye onguye izolo, namuhla, naphakade. Niyakukholwa lokho na?

Manje, thina, ngiyazi ukuthi thina, amabandla ethu, kusho okwehlukile: “O, ngenxa yokuthi sina*leli*hlelo. Sina*lesi*sihawu.”

Lezozinto zilungile, kodwa lokho akusikho okwenziwa nguKristu, futhi lokho akusikho Athi akwenziwe, lutho nhlobo.

10 Ngakho, qaphelani, asibuyele emuva; sifunda kuJohane oNgcwele; asibuyele esahlukweni 1; sikwese 12; asibuyele esahlukweni 1 futhi sithole, isizathu sokuthi Enze lezi—lezizicaphuno ngendlela Enza ngayo lapha. Kulungile. UJohane oNgcwele isahluko 1, siyathola lapha ukuthi emva kokuba Esebhaphathiziwe, noMoya oNgcwele wawuphezu kwaKhe, okwakunguNkulunkulu . . .

11 Futhi WayenoMoya ngaphandle kwesilinganiso. Thina sinaWo ngesilinganiso. Nanku umqondo: Onke amanzi aphandle lapho olwandlekazi kwakunguMoya owawukuKristu; okukithi yisipunu esigcwele kulololwandlekazi, kodwa amakhemikhali afanayo akokugcwele isipunu okusolwandlekazi lonke, hhayi nje okuningi kwakho. Wayenakho . . . Onke amanzi ayekuYe, futhi sinagcwele isipunu. Okwakhe kwakungukuthi: WayenguNkulunkulu enziwe inyama futhi wakha phakathi kwethu; Wayengu-Imanuweli. Kodwa singabantwana abenziwe abantwana ngomusa waKhe.

12 Manje, emva kokuba Esemukele uMoya oNgcwele ekugcwaleni kukaMoya oNgcwele, lapho esemukela khona umbhaphathizo, Wemukela ukugcwala kukaMoya oNgcwele, manje, sithola ukuthi masinyane inkonzo yaKhe iqala lapha kuJohane oNgcwele 1.

13 Futhi kwakukhona indoda ethize eyasindiswa. Futhi ngokukhulu ukushesha yasindiswa, yaya kumfowabo, uSimoni, futhi yaletha umfowabo eBukhoneni beNkosi uJesu. Futhi ngenkathi uJesu embona okokuqala, Wamtshela ukuthi igama lakhe lalingubani, futhi wamtshela ukuthi Wayezoliguqula lisuka kuSimoni liye kuPetru, uKhefase. Ngabe Wakwenza lokho na? Futhi Wamtshela ukuthi igama likayise lalingubani, uJona. Wathi, “Wena, noma, igama lakho unguSimoni; uyindodana kaJona.”

14 Manje khumbulani, lena yinto yokuqala. NoPetru wayeyindoda engazi lutho nengafundile, wayengakaze abe nemfundo, wayengakwazi ngisho nokusayina igama lakhe uqobo. IBhayibheli lathi wayengazi lutho futhi engafundile.

Uma imfundo idlala ingxenye enkulu kangako, kuthiwani ngalokho na? Nalowomuntu wanikwa izihluthulelo zoMbuso weZulu.

15 Sesiye kuphi nazo zonke izikole zethu nezinto na? Angisho ukuthi asinazo, kodwa nigcizelela kakhulu emfundweni yenu. Lokho kulungile, kodwa lokho akusoze kwakusindisa; uma ungabhekisisi, kuzokulahla. Imfundo ibe yisithiyo esikhulu kunazo zonke iVangeli eselake laba naso. Kunjalo, ngoba abantu bazama ukuhlakanipha ngokwedlulele.

16 Yi, irekhodi lethu lobugebengu. . . Ngenkathi uKapteni Al Farrar, inhloko ye-FBI yeJuvenile, waphenduka emhlanganweni wami, wathi, "Mfowethu Branham, isitatimende sakho salokho siyiqiniso. Ngizokuyisa khona lapha kulolonke udaba lwezingane elenzeke eminyakeni eyishumi edlule e-United States, kuphakathi kwabantu abafundile." Kunjalo. Amaphesenti angamashumi ayisishiyagalolunye alo yikho. Bahlakaniphe kakhulu, bacabanga ukuthi nje bangawedlula umthetho nezinto ezinjalo. Yingakho be, bengena enkathazweni.

17 Futhi bayacabanga, "Awu, sinebandla elikhulu; siyigama elikhulu." Akusikho lokho. Ufanele uzalwe ngokusha. Ngaphandle kwakho, ulahlekile ngokuphelele, akunandaba ukuthi ulunge kangakanani. UKayini wayefana no-Abela, wakhonza ngokufanayo njengo-Abela, wakha ibandla ngokufanayo njengo-Abela, wenza umhlatshelo ngokufanayo njengo-Abela; noNkulunkulu wamenqaba ngoba wayengenaso isambulo sokomoya, ukuthi yini eyayilungile. UJesu wathi, "Phezu kwalesosambulo sokomoya esifanayo Uyokwakha iBandla laKhe; namasango ehayidese ayengenakulahlula." Okomoya kwembula ngoMoya oNgcwele.

18 Manje, uJesu wenzani na? Uya kumaJuda, Ezenza aziwe. Manje, kwathi nje lokhu kungenzeka, kwakukhona othiwa nguFiliphu. Wacabanga ukuthi lokho kwakuxhuxhumisa, ngakho wazungeza intaba wahamba amamayela ayishumi nanhlanu futhi wathola umngane wakhe ogama linguNathanayeli. Futhi uNathanayeli, ngenkathi emthola, wayephansi komuthi, ekhuleka. Futhi walinda uNathanayeli waze waqeda ukukhuleka, futhi yena, mhlampe, ngenkathi esukuma, wathi, "Halo, Filiphu. Ngiyajabula ukukubona."

Wathi, "Woza ubone ukuthi Ubani esimfumene." Yilokho-ke, hhayi ngisho nesikhathi sokuthi, "Unjani? Ngiyajabula ukuhlangana nawe. Ngabe umkakho ukahle na?" Wayenomlayezo.

19 Futhi uma ibandla like lathola lokho kuxhuxhuma ngoKristu, kukhona okuzokwenzeka. Kodwa sinalo lonke uhlobo lwenhlaliswano nayo yonke into ukuba iqhubeke. Akumangalisi sifa. Impela. Futhi sikhathazekile ngeRashiya ezoza ngapha futhi yenze . . . Ungakhathazeki ngalokho. Akusiyo

irobini ecofa i-apula elilimazayo, yisibungu emnyombweni esilibulalayo. Ngukubola kwethu uqobo phakathi kwethu yilokho okusibulalayo.

20 Sasiwumgogodla wamaKristu wangempela wabesilisa nabesifazane abamela uNkulunkulu. . .Esikhundleni sokuya esontweni ngoLwesithathu ebusuku, sihlala ekhaya ukuba sibuke ithelevishini yomculo wokuzibinya, no-Arthur Godfrey, nabo bonke laba abanye abantu emsakazweni, no *We Love Susie*. Kukhombisa ukuthi uthanda izwe ukwedlula ukuthanda uNkulunkulu. Uma inhliziyo yakho ikuNkulunkulu, uNkulunkulu uza kuqala, futhi konke okwenhliziyo yakho.

UNathanayeli wathi, "Woza ubone esiMfumene, uJesu waseNazaretha, indodana kaJosefa."

21 Futhi manje u. . .Sengathi ngiyabona nje ngimuzwa ethi, "Manje awume kancane, Filiphu. Impela uchezukele ekugcineni okubi kwakho. Wasuka ekugcineni okujulile. Bengikwazi uyindoda, indoda eqotho, futhi lapha uqonde ukungitshela ukuthi usuhambe nento enjengaleyo na? Ngani, ufanele ukuthi ungene ebuhlanyeni obuthize. Uyazi, Filiphu, uma lowoMfo ubenguMesiya, uyazi ukuthi Ubezofika kuphi na? Ubezoya eJerusalema. Ubezoya kumpristi, umpristi omkhulu. Ubeyothi, 'Kayafase omkhulu, umpristi omkhulu kaNkulunkulu, siyazi uyindoda ehlakaniphe kunabo bonke ezweni, indoda yezenkolo enkulu kunawo onke ezweni, nani nonke bapristi abangcwele, nilazi lonke iZwi.' Ubezoza lapho futhi Ubezozazisa Yena uqobo."

22 Nina maKatolika nicabanga ukuthi Uyoya eVatican. Wena Presbyterian ucabanga ukuthi Uyoya kumbhishobhi. Nina Pentecost nicabanga ukuthi Ubeyoya egoseni lesifundazwe; kodwa Uya kulowo Afuna ukuya kuye. Kungumsebenzi waKhe.

Futhi wathi, "Kukhona okuhle obekungavela eNazaretha na?"

23 UFiliphu umnika impendulo ezedlula zonke noma yimuphi umuntu abengamnikeza yona. Wathi, "Woza uzibonele." Nanso indlela. Ungahlali ekhaya futhi ugxeke. Hamba uthole; kuhlole emiBhalweni. Woza uzozitholela wena. Emgwaqeni ozungeze intaba, ngiyamuzwa uNathanayeli ethi kuye, "Uyamazi lowomdobi omdala o—othenge izinhlanzi kusukela ngalesosikhathi owayengakwazi ukusayina irisidi na?"

"Yebo."

24 "Wenyukela phambi kwaKhe ngoluny'usuku. Igama lakhe kwakunguSimoni, niyazi, futhi Wamtshela ukuthi wayengubani igama lakhe futhi wamtshela ukuthi igama likayise lalingubani. Bekungeke kungimangaze ukuba Ubengazi ukuthi ubungubani."

"Manje, Filiphu. Manje, Filiphu. Manje, ungeke wangitshela leyonto. Ngizothatha isinqumo lapho ngifika lapho."

25 Ngakho ngenkathi enyukela eBukhoneni bukaJesu okokuqala, uJesu waqalaza, wathi, "Bheka umIsrayeli, okungekho nkohliso kuye!" Manje, wayengaba ngumArabu. Wayengaba ngumGreki. Bonke babegqoka ngokufanayo futhi bebukeka ngokufanayo, uhlanga lwabantu olunsundu, benentshebe, imishuqulo nezingubo ezixegayo, izingubo ezinde. Futhi ngaphandle kwalokho, wayengaba umphikinkolo. Wayengaba ngumgxeki, kodwa Wathi, "Wena ungumuntu olungileyo, okungekho nkohliso kuye."

Futhi waMbuka, wathi, "Rabi, Ungaze nini na? Lokhu kungokokuqala ukuba ngize ngiKubone, noma Wena ungibone. Uke wangazi nini na?"

Wathi, "Ungakabizwa nguFiliphu, uphansi komuthi, Ngakubona."

26 Lathini leloJuda na? Nasi i—nasi isimo sokuziphatha sekholwa langempela. WaMbuka, wathi, "Wena uyiNdodana kaNkulunkulu; Wena uyiNkosi ka-Israyeli."

Kodwa kwakukhona labo ababemi eduze, abapristi abakhaliphile, bathi, "Lomuntu unguBelzabule. Ungumbhuli."

27 UJesu waphenduka wayesesho lokhu: "Nikhuluma lokho ngokumelene naMi, iNdodana yomuntu, Ngizonithethelela: kodwa," ngamany'amazwi "kuzofika usuku lapho uMoya oNgcwele uzofika khona, futhi lapho Enza into efanayo, izwi elilodwa elimelene naWo alisoze lathethelelwa, kulelizwe, nasezweni elizayo." Bangaki owaziyo ukuthi umBhalo uyakusho lokho na? Kunjalo. Isono esingenakuthethelelwa ngukubiza uMoya oNgcwele, ukusebenza kukaMoya oNgcwele, into engahlanzekile. Kukhona . . . "Awusoze wathethelelwa ngakho," kwasho uJesu.

28 Manje, niqaphelile na? UJesu akazange akwenze lokho koweZizwe, noma phambi koweZizwe, ngoba We—Wenqabela abafundi baKhe ukuba baye kwabeZizwe. Futhi ngenkathi owesifazane waseSirofenike ethi kuYe, "Woza, uhawukele indodakazi yami."

Yena . . . owesifazane wathi . . . Owesilisa wathi, "Mina kuphela . . . akukuhle kiMi ukuthatha isinkwa sabantwana, ngisiphonse ezinjeni."

Futhi wathi, "Yebo, Nkosi, yiqiniso lelo, ngiyakwazi lokho: kodwa izinja zidla imvuthuluka."

29 Wathi, "Kukhona ukukholwa okukhulu: Uma ukukholwe ngaleyondlela, hamba ukuthole ngendlela efanayo." Yilokho kuphela Akusho kuye, kungekho mbono ngaye, makuthi ukukholwa kwakhe uqobo kukwenze. Niyabo.

30 Manje, Wakwenza lokho futhi Wenqabela abafundi baKhe ukuba bakwenze. Manje, siyazi ukuthi buthathu kuphela ubuzwe babantu, noma izinhlanga. Lowo ngabantu bakaHamu, uShemi, noJafete. Lowo ngumJuda, oweZizwe nomSamariya, okungukuthi umSamariya ungumJuda uhhafu noweZizwe. Niyamqaphela uPetru, enezihluthulelo zoMbuso: wawuvulela amaJuda ePhentekoste; wehla wadabula iSamariya; phezulu endlini kaKorneliyu; akuphindanga kwasetshenziswa. Nazo izinhlanga ezintathu zomhlaba.

31 Manje, "Yena..." ngosuku lwaKhe, "Weza kwabaKhe uQobo, nabaKhe uQobo abaMemukelanga." Manje, labo abahlekisa ngaYe futhi bathi WayenguBelzabule, udeveli, ukufunda ingqondo, noma umbhuli, noma omunye umoya omubi, Wathi, "Ngizonithethelela ngalokho." Babengakaze... UMoya oNgcwele wawungakaze uthululelwe nokho phezu kwesizwe. Wathi, "Ngizonithethelela: kodwa nxa uMoya oNgcwele esefikile, akukho nelilodwa izwi elimelene naWo, kungenjalo alisoze lathethelelwa."

32 Futhi manje, qaphelani, ngoluny'usuku Wahamba ngendlela yaseSamariya. Futhi ngenkathi Esenzile, Wayenesidingo, ukuhamba ngaleyondlela, futhi Wathuma abafundi baKhe emzini ukuyothenga ukudla. Futhi kunendawo encane lapho, umthombo ngaphandle komuzi, indawo encane ebonakala ngasikhathi sinye nalapho i—iphampu yomphakathi ikhona, lapho abaya khona ukukha amanzi abo. Futhi kukhona isigwedlo esigijima phezu kwephampu, namanenekazi aphuma lapho nezimbizana ezinamahhuku, aya ngapho, azehlisele emthonjeni nje bese ekha amanzi, bese ezikhuphula, bese ezibeka ekhanda lawo, noyedwa enqulwini ngayinye, futhi ahambisane ngqo exoxa, aqhubeke.

33 UJesu wayelindele lapho ukuba abafundi baKhe babuye. Futhi Esalindile, ake sithi wayengowesifazane omuhle, owesifazane omuhle ngempela uza ehamba ephumela lapho. WayengumSamariya. Futhi waqala ukwehlisa imbiza emthonjeni ukuba akhe amanzi, futhi wezwa, Omunye wathi, "Sifazane, Ngiphuzise."

34 Futhi waqalaza, futhi kwakuyiJuda lihlezi lapho. Wathi, "Awu, asinakho ukudlelana omunye nomunye. Wena ungumJuda, nami ngingumSamariya, owesifazane waseSamariya." Ngamany'amazwi, babenokwehlukana, ukwehlukana kwezinhlanga.

35 Kodwa Wamazisa ukuthi akukho-mehluko. Wathi, "Ukuba bewazi ukuthi Ubani obukhuluma kuye; ubuyocela kiMi amanzi futhi Ngizokulethela aManzi ungezi lapha ukuzokha, noma ngikunike aManzi."

Manje lalelani, lowo bekunguJesu izolo. Manje, UseSamariya. UmJuda namaSamariya, owayengumlahlwa,

inzalo exubile. Futhi manje bhekisisani futhi.

36 Futhi wathi, "Uqonde ukuthi Umkhulu kunobaba wethu, uJakobe na? Wamba umthombo." Niyabo, basho uNkulunkulu, nabo. "Wamba umthombo. Abantwana bakhe baphuza kuwo nezinkomo zakhe, futhi lapha Uthi UnaManzi Onga . . . Uthi Umkhulu kunaye na?"

37 Futhi ingxoxo yayilokhu iqhubeka. Wayenzani na? Exhumana nomoya wakhe, niyabo. Futhi ngenkathi Ethola ukuthi inkathazo yakhe yayiyini, Wathola inkathazo yakhe. Futhi Wathi, "Sifazane, hamba, ulande indoda yakho, uze lapha."

Wathi, "Anginandoda."

Wathi, "Kunjalo. Ubunayisihlanu; nale ohlala nayo manje ayisiyo indoda yakho: ukhulume iqiniso."

38 Manje, wathini na? "Awusho, ungumbhuli na? Ngabe lokho ngukufunda ingqondo na? UnguBelzabule"? Qhabo, mnumzane. Wayazi kakhulu ngoNkulunkulu kunoma uhhafu wabashumayeli e-United States wazi; yena, engunondindwa.

39 Wathi, "Mnumzane, ngiyabona ukuthi UngumProfethi wena." Manje, uma uzohambisa leyonkomba, ibuyela ku*lowo*mProfethi, Lowo uMose akhuluma ngaye. "Ngiyabona ukuthi UngumProfethi. Siyazi, thina maSamariya," manje bhekisisani ukuthi bafundiswa kanjani, niyabo, "siyazi nxa uMesiya efika, Uyositshela lezizinto. Kodwa UnguBani wena na?"

40 Kwakuzoba yini lokho na? Isibonakaliso sikaMesiya. KwakukumJuda futhi kwakukumSamariya. AbeZizwe babengabahedeni. Babengazi lutho nganoma yimuphi uMesiya. Babekhonza izithixo, onkulunkulu belanga, nakho konke. Lelo kwakuyizinga lethu—lethu. Niyabo.

41 Futhi wathi, "Siyazi lapho uMesiya efika . . ." Yingalesosizathu Wayefanele akumemezele, babezwile ngaYe. "Siyazi nxa Efika, Uyositshela lezizinto. Kodwa UnguBani na?"

Wathi, "NginguYe okhuluma nawe."

Futhi wagijimela emzini wayesethi, "Wozani, nibone uMuntu Ongitshele izinto engizenzile: Lo akusuye yini uMesiya impela na?"

42 Uma leyo kuyindlela Azazisa ngayo Yena uqobo ku-Israyeli, owayeMbhekile; futhi, kumSamariya, owayeMbheke ukuba afike; kuthiwani ngoweZizwe, namhlanje, oMbheke ukuba afike na? Uma Enza ngaleyondlela, futhi Angeke aguquke, ngokuba nguNkulunkulu, uma leso kwakuyisibonakaliso Abakhombisa sona, njengokuZenza uMesiya: iJuda leqiniso lakukholwa.

O, isitashi esikhulu, akakukholwanga. Akakukholwanga kwasekuqaleni, nakuba wayengcwele futhi eyindoda emsulwa; wayeyindoda enkulu.

43 Kodwa osiyazi bezenkolo, asinabo namhlanje kanjalo: Babefanele baze ngisho badlule esizukulwaneni esithize, umLevi, ngaphambi kokuba abe ngumpristi. Uyise kayise kayise kayise kayise wayengumpristi, futhi wayefanele ehle ngalolozalo, ongcwele, engenasici. Lokho akuhlangene ngalutho nakho.

44 Ungahle ungaqambi amanga, futhi uphile ngeqiniso impela nje, futhi uye esontweni njalo ebusuku, futhi uhloniphe ngokuzithoba nje, futhi ukhokhe izishumi zakho, futhi wenze yonke into, futhi uguqe e-altare, futhi ukhonze, futhi uye esihogweni njengematini ebhokisini layo. Yilokho umBhalo okushoyo. Yilokho uKayini akwenzile. Kodwa isisaphi inkolo yethu yesitayela, empeleni na? Isithuma sisuke kuNkulunkulu. Impela, kunjalo.

45 Manje, qaphelani. IJuda, iJuda leqiniso langempela, lakukholwa. Wathi nje angabona lesosibonakaliso senziwa, wathi, "Lowo nguMesiya. UyiNdodana kaNkulunkulu; UyiNkosi ka-Israyeli."

46 UJesu wathi, "Ngoba uyakholwa ngenkathi Ngikutshela, ubuphansi komuthi ngaphambi kokuba ufike, uyakholwa na? uzobona izinto ezinkulu kunalokhu."

47 Nowesifazane emthonjeni wathi, "Siyazi uMesiya uzokwenza lezozinto ngoba sibheke lokho ukuba kwenzeke. Kodwa UnguBani na? Ngabe Ungumprofethi na?"

Wathi, "NginguMesiya."

48 Uyafika, wathi emadodeni, "Manje, ningifundisile ukuthi uMesiya uyokwenza lezizinto. Manje, kukhona uMuntu phandle lapho ongitshele izinto engizenzile. Akuyena yini uMesiya Lona na?"

49 Manje, uma Ezofanele enze ngokufanayo...Manje khumbulani, akuzange kwenziwe ngaphambi koweZizwe. Sibe neminyaka eyizinkulungwane ezimbili yokuba mnyama ingxenye nokukhanya ingxenye; ukujoyina ibandla. Kodwa Ubeyoba ngongalungile futhi ubeyokhombisa ukuchema uma Engazimememezelanga Yena uqobo, uKristu ovukile, emva kweminyaka eyizinkulungwane ezimbili.

50 Futhi hhayi ngoba sinamabandla amakhulu: leso akusiso isibonakaliso. Ngenxa yokuthi sihambe sanqamula isizwe, uBilly Graham, u-Oral Roberts nathi sonke, futhi waba nobulungu obukhulu obuza ebandleni: leso akusiso isibonakaliso. Lokho akusiso isibonakaliso nhlobo. Akusikho lokho Akwenza: uthi, "Bhekisisani lapha, ngizodonsa isixuku esikhulu ukwedlula uJohane asidonsa." Leso kwakungesiso isibonakaliso. Kodwa isibonakaliso sikaMesiya sasiyilokho engikhuluma ngakho lapha Akwenza.

51 Uma Enza lokho ngaphambi kwalesosizukulwane samaJuda, sanqunywa, nalezo zinhlobo eziwuhhafu ezaziMbhekile, Uzofanele enze into efanayo phambi kwalesisizukulwane sabeZizwe, kungenjalo Wenza iphutha ngenkathi Enza emuva lapho, ngaleyondlela. Uma Esivumela singene, nayo—nayo yonke isayense yethu yezenkolo, nezinto ezinjalo, futhi akazisho Yena uqobo njengoba Enza kubo ngaphambi kokubhujiswa kwabo. . .

52 Futhi lesi yisibonakaliso esikhulu ukufakazisa ukuthi isikhathi sesiseduze. Lokho kwakuseduze eJudeni. Futhi wonke umfundisi weBhayibheli uyazi ukuthi i—isimiselo sesikhathi sabeZizwe singukuphela, futhi Uzobuyela eJudeni futhi. NoNkulunkulu wenze lukhuni inhliziyo kaHitler, uMussolini, bonke labondlovu-kayiphikiswa, neRashiya; futhi axoshe lawomaJuda abuyele ngqo ePalastine, lapho afanele ame khona.

53 Nginesithombe: *Imizuzu Emithathu Ngaphambi Kwaphakathi Nobusuku* ngokwesayense. NalawomaJuda engena ethwele abathandekayo bawo, abadala, abakhubazekile, emhlane wawo. Niyakubona kwiphephabhuku i*Look*, i*Life*, behla bevela e-Iran nalezo zindawo bethwele lawomaJuda amadala engena. Nomngane wami waya kubo, wakuthola konke ngombala weKodachrome, wathi, "Ngabe nibuyela ezweni lendabuko ukuzofa na?"

Bathi, "Qhabo, siyabuya ukuzobona uMesiya. Asibuyi ukuzofa. Siyabuya ukuzobona uMesiya."

54 UJesu wathi, "Lapho umkhiwane usuhluma imiqumbe yawo, lesisizukulwane" (iminyaka engamashumi amane) "asiyikukhawuka, kuze kugcwaliseke zonke lezizinto."

55 Niyakuthola na? Kwenzekani na? Ubizo lokugcina kwabeZizwe. Izizwe zilungele ukugaywa noma ngasiphi isikhathi. Futhi ukucabanga ngakho, ngaphambi kokuba lokho kwenzeke, iBandla liya eKhaya kuqala. Futhi uma besingagaywa ngaphambi kokusa, nokwahlulelwa, kuthiwani ngokuya ekhaya kweBandla na? Bekungafika noma ngamuphi umzuzu. Impela. O, vukani, bantu, nyakazisani umphefumulo wenu wokomoya phakathi kwenu ngokufunda iZwi. Sisekupheleni. Isikhathi sesiseduze.

56 Sibe nesayense yezenkolo, sibe nonyaka webandla, kodwa lesi yisikhathi. Futhi manje, isibonakaliso sokugcina kumJuda, sasiyini na? Ukubonakala kweNkosi uJesu. Isibonakaliso sokugcina koweZizwe nguYe eza ngoMoya kaMoya oNgcwele ebuyela eBandleni laKhe, enza izinto ezifanayo Azenza ngaleyonkathi, ukuzimemezela Yena uqobo ukuthi unguye izolo, namuhla, naphakade. Ubuka phandle futhi ungalifunda iphephandaba futhi ubone umbhalo ezibhakabhakeni. Niyabo, sibophezelekile ukuba silahlwe. Ayikho enye indlela yokuphuma yethu.

57 Uma uNkulunkulu evumela lesisizwe sizedlulele nezono esizenzayo, Uyobophezeleka, njengoNkulunkulu olungileyo, ukuvusa iSodoma neGomora futhi axolise ngokubashisa. Benza izono ezifanayo esizenzayo. UNkulunkulu uyasithanda isoni, kodwa Uyasizonda isono, futhi Ulungile, futhi sifanele sahlulelwe.

58 Futhi Akwenzayo: iNdodana yaKhe ihamba ezweni namhlanje ngesimo sikaMoya oNgcwele; nebandla likwalile, lisuka kukho, lihlekisa ngakho, ukuze Abe nobulungiswa ukuthumela ukwahlulela: Athembisa ukuthi Uyokwenza. UJesu Kristu onguyena izolo, namuhla, naphakade. LeyoNkosi uJesu efanayo, eyaZimemezela lapho, yethembisa, yaprofetha, yathi zonke lezizinto ziyokwenzeka: futhi nazi. Sizokwenzenjani ngakho na? Asikwemukele, mngani. Asikukholwe.

59 Nasi isithombe esincane sibekwe lapha; omunye wangibuza ngalokho: lokho kuKhanya. Manje, khohlwa yimi. Ngingumuntu nje, niyabo. Sikhuluma ngokuKhanya. YiNsika yoMlilo. UGeorge J. Lacey, inhloko ye-FBI, imilobo yeminwe nemibhalo, wasihlola. Silenga ngaleya eWashington, DC eHholo lezeNkolo lobuCiko: okuwukuphela kwesiDalwa esingaPhezu kwemvelo esake sathwetshulwa. KuseSwitzerland; kuseJalimane: lapho besithathe khona.

60 Kungani kungasakazwa na? Kungani lokhu kungaziwa na? Ngeke kwaziwa. Abazazi neze lezizinto kuze kube sekwedlule. Wathi Wayeku, fihla emehlweni abahlakaniphileyo nabanokuqonda, futhi kwembulwe ezinganeni zona eziyofunda. Bangaki owaziyo ukuthi uJesu wakusho lokho na? Bonga uNkulunkulu ngakho.

61 Nina bantu abangamaKatolika, anisoze nazi ukuthi uPatrick oNgcwele wayengubani. Wayengesilo iKatolika kwasekuqaleni, niyakwazi lokho. Kodwa emva kokuba wayesefile isikhathi eside, naqonda ukuthi wayengongcwele. Kuthiwani ngoFrancis oNgcwele wase-Assisi na? Umshumayeli ohambayo neBhayibheli ekhwapheni lakhe. Awumqondanga ngaleyonkathi.

62 Kuthiwani ngoJoan of Arc na? Ibandla eliKatolika lamshisela esigxotsheni, futhi yena ekhalela umusa. Namshisa njengomthakathikazi, uBelzabule. Owesifazane ogcwaliswe ngoMoya, wabona imibono, futhi wenza izibonakaliso nezimanga, futhi namshisa njengomthakathikazi, njengoBelzabule. Kodwa cishe eminyakeni eyikhulu kamuva, naqonda ukuthi wayengongcwele. Kusobala, senikwenzile ukuphenduka, namba lowomzimba wabapristi, futhi nawuphosa emfuleni. Manje usengcweliswe njengongcwele.

63 UNkulunkulu njalo uthumela umusa waKhe, isibonakaliso saKhe; Weqa phezu kwamehlo abahlakaniphile nabanokuqonda, futhi wembula enganeni; Ubiza iBandla laKhe

futhi alibeke uphawu; nakho kuhamba. Ulungile. Wasithumela. Ubophezelekile eZwini laKhe.

64 Bukani amaningi alawomaJuda ezansi lapho ngalolosuku, uMathewu 12, Wathi amaningi awo abona izinto Azenzile, nokho awakholwanga kuYe, ngoba umprofethi wathi, u-Isaya, "Banamehlo, ababoni, nezindlebe, abezwa"; bephuphuthekile.

65 AbeZizwe baphuphuthekiswe yizivumokholo na—namahlelo. Bayehluleka ukubona ofihlakele, uJesu ovukileyo ehamba eMoyeni waKhe phakathi kweBandla laKhe, futhi enza izinto Azenzayo, khona lapha esikhathini sokuphela.

O, Nkulunkulu, vula amehlo ethu. Vula amehlo ethu ngumkhuleko wami.

66 Enye futhi into Ayenzayo, ngaphambi kokuba sivale. Ngelinye ilanga Wayedlula . . . Akabonanga mbono. Wayedlula esixukwini esincane sabantu, futhi bonke babeMmbambatha, futhi beMxhawula, nakho konke, kanjalonjalo. Futhi o—owesifazane omncane wathi phakathi kwenhliziyo yakhe, "NgiyaMkholwa ukuthi unguMuntu ongcwele. Ngiyakholwa ukuthi UyiNdodana kaNkulunkulu. Futhi ngi—ngi—ngingowesifazane omncane nje." Futhi wayekade enomopho, ngesikhathi sokunqamuka ukuya esikhathini, futhi kungukuthi, iminyaka eminingi wayenawo, futhi abakwazanga ukuwumisa. Odokotela akukho ababengakwenza ngakho. Futhi wathi, "Uma nje ngingathinta ingubo yaKhe, ngikholwa ukuthi ngizosinda." Futhi wathinta ingubo yaKhe. Manje, ingubo yasePalestine iyaxega; ubungeke uyithinte . . . umphetho, lokho kungaphansi kwayo, ilenga ixega kakhulu. Futhi wathinta umphetho waleyongubo. Wayehlezi, mhlawumbe ngezansi kwaKhe, futhi wathinta umphetho. Wahamba kancanyana, futhi Waphenduka, Wathi, "Ubani oNgithintile na?"

67 Lowo kwakunguJesu izolo. IBhayibheli lathi, "UngumPristi oMkhulu," kulobubusuku, "ongathintwa ngokuzwelana nobuthakathaka bethu." Ngabe kunjalo na? Onguye izolo, namuhla, naphakade.

Owesifazane waMthinta. Wathi, "Ubani oNgithintile na?"

68 Futhi uPetru, e . . . o, wazizwa emkhulu ngoba wayethi ukuba ngomunye wenhloko yabaphostoli, wathi, "Manje," wakhuza iNkosi uJesu, wayesethi, "Usholoni into enjengaleyo na? Awu, ubani obengasho ukuthi ubani oKuthintile na? Wonke umuntu uyaKuthinta."

UJesu wathi, "Kodwa Ngibe buthakathaka. Kuphumile amandla kiMi." O, lokho ngukuthinta engithemba ukuthi nina bantu baseNew Haven niyakuthinta.

69 "Ngiyabona ukuthi Ngiphele amandla. Amandla aphumile kiMi." Wonke umuntu wayelokhu ethule. Waqalaza macala onke phezu kweqembu laKhe elincane labantu bemi lapho, bezungeze

labobadobi bezungeze umfula. Futhi Wabuka phandle lapho, futhi Wabona owesifazane omncane. Wayegqokiswe amandla ayekwazi ukusho ukuthi kwakuyini ukukholwa kwangempela. Wathi kowesifazane, wamtshela isimo sakhe, Wathi, "Ukukholwa kwakho kukusindisile."

70 Lowo kwakunguJesu izolo. IBhayibheli lathi Unguye izolo, namuhla, naphakade, nomPristi oMkhulu, amaHeberu, iTestamente eLisha, ongathintwa umuzwa wobuthakathaka bethu.

71 Manje-ke, uma EngumPristi oMkhulu namanje, uma uMthintile, uma uhlezi ezethamelini lapho okhona manje futhi uthi, "O Nkulunkulu, mangiKuthinte, Jesu, ngiyaKukholwa," hhayi ngokuxhuxhuma, kodwa nje uMthinte, Ubeyokwenza kanjani na? Ubeyofanele enze ngendlela efanayo Enza ngayo ngaleyonkathi, kungenjalo Ubengeke abe nguJesu ofanayo. Niyabo? Ubeyofanele aphendule, asebenzise izindebe zeBandla laKhe, futhi asho into efanayo, ngoba singumvi- . . . amagatsha, Yena ungumVini. Ubeyofanele aphendule ngqo futhi asho into efanayo Ayenza ngaleyonkathi, noma Akasuye uJesu ofanayo, Akasuye umPristi oMkhulu ofanayo, Ungomunye.

72 Kodwa Uyaphila kulobubusuku. O, ngijabula kakhulu ngalokho, mngane. Uyaphila! Futhi ngalolusuku lapho singa . . . singenayo neyodwa into esingaphumula phezu kwayo, u—u . . . nje si . . . sesiphelile. Yinye kuphela into engama, lowo nguMbuso kaNkulunkulu.

73 Isizwe sakithi na? Sihambile. Sidla kuze kuyofika emnyombweni yimihlwa. Ngike ngama e, ngaba, ezindaweni lapho oFaro eGibhithe; kwadingeka bambe amafidi angamashumi amabili ukuthola izigodlo zabo; naseRoma ngoKhesari; nayo yonke imibuso iyaphela ngoba kuza uMbuso ongasoze waphela, lowo nguMbuso kaNkulunkulu. Lena eminye, konke okufayo kunika indlela kokungafi.

74 Kodwa, isizwe esikhulu esinaso; futhi nokho iBhayibheli liyasho ukuthi zonke izizwe phansi kwelanga zilawulwa ngudeveli. UJesu washo njalo. Zonke izizwe zilawulwa ngudeveli. Yingakho silwa futhi siqhubeke ngendlela esenza ngayo. USathane wathi, "Zonke zingezami." WaMkhombisa, "Lapha, ngizoKunika zonke, uma Uzongikhonza." UJesu uyazi ukuthi Uyoba yindlalifa kuzo. Wathi, "Buyela emva kwaMi, Sathane." Niyabo? Wayazi ukuthi Wayeyindlalifa yazo.

75 Futhi inqobo nje uma si . . . Sinomongameli oyisimangaliso. Manje, angisuye usombusazwe, kodwa ngiyamthanda uMnu. Eisenhower, futhi ngicabanga ukuthi uyindoda emangalisayo, kodwa uma sibeka uDwight Eisenhower kuzo zonke izifundazwe kule-United States, besiyolokhu sigabavula ngqo esonweni. IBhayibheli lathi siyokwenza. Nakho lapho okhona. Isikhathi sesilapha.

76 Futhi, Mngane, esikhathini esingeside esedlule ngathatha uhambo enhla eFinland, khona impela emva kweyokuqala... iMpi yesiBili yoMhlaba. Ngibabonile labo besifazane baseFinland, ngesikhathi sasebusuku, bonke behhukeke emahhanisini, behudula ihhala elidonswayo emva kwabo; amadoda; abantwana abancane bephethe isiketekete; abami ebusuku, balokhu beqhubeka nje. Impi yaqedwa, babefanele batshale ukolo. Uma bengawungenisanga ukolo, bekungeke kube khona ukudla okusanhlamvu ngonyaka ozayo, bonke bebeyobulawa yindlala. Abafo abancane begijima behambisana nesiketekete, futhi babekhathele kakhulu; nomama edonsa, futhi ejuluka, namahlombe ehlikihlekile, nakho konke; amantombazane amancane, nabo bonke. UBaba eza ngemuva, ephosa ukolo *kanjalo*. Hwaya noma kanjani, vele uhwaye ingaphezulu, faka ukolo. Amaqhwa ayeza; lilele bonke ubusika. Akukho kolo, akukho kuphila.

77 Futhi mfowethu, kungaleyondlela, namhlanje, eMbusweni kaNkulunkulu: Sekuleyithi kunoma ucabanga. Ngeke saba nesikhathi sokumisa izimvuselelo ezinkulu, sifanele sihwaye ingaphezulu, singenise imbewu.

